Ukuhlomisa izingane zethu ngelikusasa

RI 2

Isihloko sesifundo: AmaSakramente

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **AmaSakramente**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-**RI 2**. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-**RI 2** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se-**RI 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	AmaSakramente
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaJohane 3: 5, Izenzo 8: 14-17 noNgokukaLuka 22: 19-20
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukujwayela amasakramente.

Isifundo esifingqiwe:

● Igama elithi "isakramente" lisuselwa olwimini lwesiLatini futhi lisho "isifungo senkonzo; ukwethembeka noma ukuthobela inkonzo".
● Amasakramente ayizenzo ezingcwele lapho uNkulunkulu anika-khona umuntu ubudlelwano naYe.
● Lezi zenzo ziwuphawu lwesivumelwano esisha phakathi kukaNkulunkulu nomuntu.
● Ukuphathwa / ukwabiwa kwesakramente kuyisenzo esibonakalayo futhi uma samukela isakramente, lona linemiphumela yangaphakathi kithina, engabonakali.
● NguJesu Kristu owethula amasakramente futhi anikezwa ngomkhuleko nangezwi elikhulunywa ngamandla nangegunya, kusetshenziswa ***amanzi***, ***isinkwa newayini***.
● 1 Johane 5: 7-8 uthi: "Ngokuba bathathu abafakazayo emhlabeni, uMoya, namanzi, negazi; labo abathathu bavumelana entweni inye." Ingabe kusho ukuthini lokhu na?
  - Ø Lapha uMoya umele ukubekwa uphawu oluNgcwele / u**Gcobo lukaMoya oNgcwele**,
  - Ø Amanzi amele **umBhapathizo oNgcwele ngamanzi** futhi
  - Ø Igazi limele **iSidlo esiNgcwele seNkosi**.
● Amasakramente ayindlela yokupheleliswa nokuphulukiswa okungokomoya komuntu futhi ayadingeka ukuze sibe nenhlanganyelo yaphakade noNkulunkulu oZiqu-zintathu - ukungena eMbusweni waKhe.
● Ngalokho-ke eBandleni eliSha lobuPhostoli lawa masakramente amathathu ayabiwa.

<u>UBhapathizo oluNgcwele:</u> (Johane 3: 5, NgokukaMathewu 28: 19-20 kanye neZenzo 8: 36,38)

● UBhapathizo oluNgcwele ngamanzi luyingxenye yokuzalwa kabusha, futhi luyadingeka kithina ukuze singene embusweni kaNkulunkulu. Ngokubhapathizwa, uNkulunkulu wenza isivumelwano nomuntu futhi isono sethu semvelo siyagezwa. Siba ngamaKristu futhi siba yingxenye yomzimba kaKristu.
● NoJesu uqobo lwaKhe wabhapathizwa nguJohane uMbhapathizi emfuleni iJordani.
● Bonke abantu bafanelekile ukuBhapathizwa okuNgcwele ngamanzi, kungakhathalekile ukuthi bavelaphi noma isimo/isigaba sabo.
● Esontweni lethu amaswana nabantu abadala babhapathizwa ngale ndlela elandelayo:
  - Ø Kukhulekelwa amanzi esitsheni ukuze angcweliswe / abusiswe egameni likaNkulunkulu oZiqu-zintathu.
  - Ø INceku / uMfundisi owenza ubhapathizo oluNgcwele ngamanzi ubese ufaka umunwe emanzini ahlukaniselwe lesenzo futhi abusiswa, bese wenza uphawu lwesiphambano kathathu ebunzini lalowo obhapathizwayo. Usho amazwi athi, "Igama lomuntu, ngiyakubhapathiza egameni likaNkulunkulu uBaba, iNdodana noMoya oNgcwele."
● Obhapathizwayo ufunga ukuthi uzophila impilo yakhe ngokuvumelana nentando kaNkulunkulu. Lapho izingane zibhapathizwa abazali bathwala lomthwalo wokuzibophezela kuze kube yisikhathi sokuQinisiswa kwengane, lapho zona (izingane) zenza isifungo ngokwazo.

Ukubekwa uphawu oluNgcwele / uGcobo ngoMoya oNgcwele: (Kwabase-Efesu 1: 13-14 no-4: 30)

● Ukubekwa uphawu oluNgcwele kungukwabiwa kwesipho sikaMoya oNgcwele ngabaPhostoli.

● UBhapathizo oluNgcwele ngamanzi luyimfuneko ngaphambi kokuthi kwenziwe uGcobo ngoMoya oNgcwele.

● Ukubekwa uphawu oluNgcwele kuyingxenye yokuzalwa kabusha; kuyisisekelo sokuvuselelwa okuphelele komuntu wangaphakathi.

● Ngokubekwa uphawu oluNgcwele umuntu uba ngumntwana kaNkulunkulu ngemuva kokwenza isithembiso soku:

- Ø Phila impilo yakhe ngokulandela imfundiso kaJesu nabaPhostoli,
- Ø Landela uKristu nabaPhostoli baKhe ngokuthembeka futhi
- Ø Kwamukela izwi likaNkulunkulu futhi uphile ngokufanelekile.

● Abazali bathatha lesi sifungo engxenyeni yezingane zabo kuze kube ukuQinisiswa kwazo.

● Samukela uMoya oNgcwele ngqo ngomkhuleko nangokubekwa izandla zomPhostoli ophilayo. (Izenzo 8: 14-17 kanye neZenzo 19: 1-6)

● Emva kokubhapathizwa kwaKhe, noJesu wamukela uMoya oNgcwele futhi uNkulunkulu wamamukela njengeNdodana yaKhe. (NgokukaLuka 3: 22)

<u>ISidlo esiNgcwele seNkosi / ISithebe esiNgcwele:</u> (NgokukaLuka 22: 19-20, NgokukaJohane 6: 53-57 kanye no 1 KwabaseKorinte 11: 23-28)

● ISidlo esiNgcwele seNkosi yisakramente elasungulwa nguJesu uqobo lwaKhe ukukhumbula ukuhlupheka nokufa kwaKhe.

● Kubuye kube umgubho we***njabulo, ukubonga nokudumisa.***

● Njengoba uJesu wathatha isinkwa newayini, futhi wabonga, kanjalo nebandla liza phambi kukaNkulunkulu ukuzomdumisa nokumbonga ngomhlatshelo weNdodana yaKhe.

● Uma sidla iSidlo esiNgcwele seNkosi, sithola umzimba negazi likaKristu namandla okunqoba okubi - ukunqoba izithiyo / izikhubekiso endleleni yensindiso yethu yaphakade.

● ISidlo esiNgcwele seNkosi sandulelwa ukuxolelelwa, okuletha ukuthethelelwa kwezono. (Sithandaza umkhuleko weNkosi futhi ngemuva kwalokho iNceku yenza ukuxolelwa.)

● Ukusidla ngokufanele (ngobuqotho) kusungula (kwakha) ubudlelwano beqiniso noJesu Kristu - sihlala kuKristu.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

Kunikezwa amasakramente amathathu eBandleni eliSha lobuPhostoli:

● UBhapathizo oluNgcwele ngamanzi - ukuzalwa kabusha ngamanzi nokugezwa kwesono semvelo,

● Ukubekwa uphawu oluNgcwele - ukwamukela uMoya oNgcwele ngomkhuleko kanye nokubekwa izandla ngumPhostoli ophilayo kanye ne-

● ISidlo esiNgcwele seNkosi - sithola umzimba negazi likaJesu, amandla okunqoba ububi nokuthola ubudlelwano beqiniso noJesu Kristu.

● Wonke amasakramente amathathu abaluleke ngokulinganayo.

● ISidlo esiNgcwele seNkosi sandulelwa ukuxolelwa, ukuthethelelwa kwezono.

● Ukwamukelwa kwawo wonke amasakramente amathathu kuyinto ebaluleke kakhulu ukufanela ukungena embusweni kaNkulunkulu.

Amasakramente ayindlela yomusa omangalisayo kaNkulunkulu kithina futhi ayadingeka ukuze sibe nobudlelwano baphakade naYe.

Yenza Isivivinyo 1, 2, 3 no-4 nezingane zakho

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes